# ABAKHOHLAKELEYO

Kuyinto enzima ukuqamba ukuthi yibaphi abakhohlakeleyo njengoba uNkulunkulu esenza ilanga lakhe likhanye kwababi lakwabalungileyo, futhi lezulu lakhe liyana kwabaqondileyo lakwabangaqondanga. Ngokufananayo abalungileyo labo bayadubeka njengabangalunganga. UJobe wehlelwa zinsizi ezingakhulumekiyo, loDaniyeli laye wathunjwa kanye lababeqe umlayo kaNkulunkulu. Okusuka kumangalise kakhulu yikuthi abakhohlakeleyo banda ukuphumelela. Kodwa lanxa kunjalo singaba leqiniso ukuthi yibaphi abakhohlakeleyo.

"Wonke owenza isono, weqa lomlayo; ngoba isono siyikweqa umlayo". 1 Joha. 3:4. Ngakho-ke wonke umuntu, kunganakwa impumelelo kumbe ukwehluleka kwakhe, nxa edelela umthetho kaNkulunkulu, ngeqiniso ungokhohlakeleyo; njalo, "Abakhohlakeleyo bazabuyela esihogweni" (Hlab. 9:17).

Kodwa-ke kukhona elinye ixuku labantu abalenqumbi zokulunga, kube kanti bakhohlakele. Ilizwi likaNkulunuklu yilo elisikhokhelayo ngokuqonda ukuze sehlulele abantu ngale indlela. Ngokulinganisa, umFarisi wayegcwele imisebenzi elungileyo, ikakhulu ukuthandaza, kube kanti uKristu Jesu wambalela kwabakhohlakeleyo. Luka 18:9-14. Nanzelela-ke ukuthi imisebenzi elungileyo kayikhuphi muntu exukwini labangalunganga.

Abanye bayazama ukumthokozisa uNkulunkulu, kube kanti baphakathi kwabakhohlakeleyo. Ngokulinganisa uSawuli weTarsusi wayekhumbula, “ngangicabanga ukuthi ngangifanele ukwenza izinto ezinengi eziphambene lebizo likaJesu weNazaretha”, ngalokhu ngithabisa uNkulunkulu. Ukuze sikhumbulele ukuthi siyamthokozisa uNkulunkulu akusahlukanisi labakhohlakeleyo.

UJudasi labanye abanengi babelandela uJesu, kube kanti babekhohlakele. UJudasi wayinikela iNkosi yakhe. Abanengi bacunuka ngaye, ngakho-ke kababe besahamba laye. Ukulandela uJesu akusivimbeli ukuba sexukwini labakhohlakeleyo.

Inkulumo yabanye yayiyile, “Nkosi, Nkosi, kasiprofethanga yini ngelakho ibizo, sakhupha amadimoni ngelakho ibizo, senza imisebenzi elamandla eminengi ngelakho ibizo?" UJesu uthi, "Njalo khona ngizakutsho obala kubo ngithi: Angizanga ngilazi; sukani kimi lina benzi bobubi." Mat. 7:22,23.

Kusobala sibili ukuthi umuntu angaba ngumtshumayeli, akhuphe amadimoni, enze imisebenzi emangalisayo eminengi, kube kanti ekhohlakele.

Wathi uDavida umhlabeleli omnandi wakoIsrayeli ngoAhithofeli. "Esasicebisana ngokumnandi sonke, saya endlini kaNkulunkulu silixuku" (Isihlabelelo 55:14). Kube kanti uAhithofeli waba yisitha sakhe esedlula zonke. Ekucineni kwempilo yakhe wazibulala. “Iseluleko sikaAhithofeli aseluleka ngalezonsuku sasinjengomuntu ebuza ilizwi likaNkulunkulu” (2 Sam. 16:23). Kube kanti wayengowabakhohlakeleyo. Ngoba kakho umbulali lakanye olempilo elaphakade ehlezi kuye (1 Joha 3:15). Yebo singayazi iBhayibhili yethu yonke kuhle sibili sivumelane lemfundiso zonke zeBhayibhili sibe silokhe singabakhohlakeleyo.

Sihlobo, kuyini sibili okwenza ukuthi umuntu okulelixuku labantu besonto kuthiwe ukhohlakele? Kuyini? Nxa umuntu elokuthandaza njengomFarisi, ezama ukuthokozisa uNkulunkulu njengoSawuli weTarsusi, alandele uJesu njengoba uJudasi labanye abanengi bakwenza, atshumayele, akhuphe amademoni, enze imisebenzi eminengi emangalisayo, alivume ilizwi likaNkulunkulu kusukela ekuqaleni kusiya ekupheleni – sibili yisono sinye esesabekayo sokungakholwa.

Kufuneka okunye phezu kwalokho ababelakho laba bonke. Kuyini? Yikukholwa. Ukukholwa okuthembela kuJesu Kristu njengoMsindisi womuntu. Kufanele kube lokuhlangana okuphilileyo loKristu Jesu njengoMsindisi womuntu. Ukwazi uKristu njengalowo owenza uthethelelo ngesono, njengalowo owathwala izono zami, wathwala isijeziso sezono zami zonke: lokhu kufanele sibili alubana sizakuba ngabalandeli bakaJesu beqiniso.

Pho-ke kunjani kuwe mfowethu? Ukholo lwakho ngolusindisayo yini? Le indaba iqakathekile kakhulu ngoba kulesihogo sosizi olungapheliyo, njalo kulezulu lentokozo engelasiphelo. Ungaya esihogweni uthwele inqumbi zokulunga. Kuyikuthembela kumsebenzi owaqedwayo kaKristu okuvulela isoni amasango asezulwini. "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, njalo uzasindiswa" (Imisebenzi 16:31).

Ngakho-ke, imisebenzi engelakuzenzisa izalandela, njalo kufanele: “Ngoba njengalokhu umzimba ngaphandle komoya ufile, ngokunjalo lokholo ngaphandle kwemisebenzi lufile” (Jakobe 2:26.)

---

Free Presbyterian Church of Scotland, Zimbababwe Presbytery
9 Robertson Street, Parkview, Bulawayo, Zimbabwe
tel. 09 62636 / 61902 / 62115, email fpchurch@mweb.co.zw, fax 09 61902